

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA
ISIVIVINYO SONYAKA 2025
IBANGA 2 ITHEMU LESITHATHU


ISIKOLE	
IBANGA	2
ISIBONGO SOMFUNDI	
IGAMA LOMFUNDI	
USUKU LOKUZALWA	

Okuqukethwe	Amamaki	Amamaki omfundi
Umsebenzi 1: Ukulalela nokukhuluma	10	
Umsebenzi 2: Imisindo	30	
Umsebenzi 3: ukufunda nokuqondisisa	15	
Umsebenzi 4: Ukubhala kahle ngesandla	10	
Umsebenzi 5: Ukubhala	15	
Isamba	80	

Umsebenzi l: Ukulalela nokukhuluma

Igama lomfundi	
Usuku	

a. **Ukulalela:** Qedela isithombe ngokulalela imiyalelo kathisha. (5)



Imiyalelo:

1. Dweba ilanga phezulu ngasesandleni sokudla kwesithombe (1)
2. Faka umbala onsudu endleleni. (1)
3. Dweba ikati lihleli ebhentshini. (1)
4. Faka umbala oluhlaza okwesibhakabhaka echibini. (1)
5. Faka umbala oluhlaza ezihlahleni. (1)

Igama lomfundi	
Usuku	

b. Ukukhuluma: Yethula indaba ngaphansi kwesihloko "Engifisa ukuba yikho umangikhula" (5)

Okuqukethwe	Amamaki omfundi
Umfundi ume waqonda.	___/1
Umfundi ukwazile ukuheha izethameli ngenkulumo yake.	___/1
Inkulumo yomfundi iyashelela futhi izwi lakhe liyezwakala.	___/1
Inkulumo yomfundi ihambisana nesihloko	___/2
Isamba	___/5


Umsebenzi 2: Imisindo

Igama lomfundi	
Usuku	

a. Bhala igama elilodwa umsindo ngamunye (2)

-sw-	-gq-

b. Kokolozela igama lependulo efanele. (4)

	imali ilali
	unodoli iloli
	Lula Luma
	imfuyo imbali

c. Bhala igama elifanele lezithombe ezigezansi. (4)



Igama lomfundi	
Usuku	

d. Isibizelo

(10)

1.	6.
2.	7.
3.	8.
4.	9.
5.	10.

Umusho

(10)

Umsebenzi 3: Ukufunda nokuqondisisa

Igama lomfundi	
Usuku	

a. Funda amagama alandelayo ngokushesha

mama	amadolo	isikole	umfana	umsindo	insizwa
ikati	igatsha	isikole	ishumi	iqanda	indoda
ubaba	inkomo	ibhubesi	incwadi	indlebe	isihlalo
itiye	isinkwa	impukane	ukudla	umgqomo	inhlwathi
vela	qoba	veza	usisi	iwele	abantu
amanzi	gxuma	intshebe	isicathulo	kuncane	khala
ipeni	ikhekhe	ukuhlanza	iqolo	insipho	suka
gcina	ugodo	hlela	hlela	isihlalo	isihlahla

Okuqokethwe	Amamaki	Amamki omfundi
Umfundi ufunde amagama angu 1-9	1	
Umfundi ufunde amagama angu 10-19	2	
Umfundi ufunde amagama angu 20-25	3	
Umfundi ufunde amagama angu 30-45	4	
Umfundi ufunde amagama angu 46-60	5	
Isamba	5	

Igama lomfundi	
Usuku	

b. Isifundo sokuqondisisa: Funda indaba engezansi bese uphendula imibuzo.

Kudala, kwakukhona impungushe nonogolantethe. Ngelinye ilanga, impungushe yayipheka isidlo sakusihlwa. Unogolantethe wadlula wanukelwa ukudla okumnandi. "Yeka iphunga elimnandi" esho.


Impungushe yayilambe kakhulu, ingazimisele nhlobo ukwabelana ngokudla kwayo, kodwa yabona kufanele ukuthi yabele unogolantethe ukudla kwayo. Kungazelelwe, yaqhamuka nesu elihlakaniphile. Yaphakela unogolantethe isitshulu senyama esitsheni esiyisicaba, unogolantethe engakwazi ukudla kuso ngenxa yomlomo wakhe omude.

Impungushe yadla konke ukudla kwayo, unogolantethe wahamba endlini yempungushe elambile, edabukisa futhi enosizi.

Ngosuku olulandelayo, unogolantethe wamema umpungushe esidlweni sakusihlwa. Wayedobe inhlanzi. Wayipheka inhlanzi yaba yisitshulu esimnandi. Lapho impungushe ifika, yahogela iphunga elimnandi, isisu sakhe sasesilindele ukudla.

Unogolantethe wathi eseqedile ukupheka isitshulu senhlanzi wasiphakela evazini ende ewumngcingo. Unogolantethe wasidla wasiqeda yedwa isitshulu senhlanzi, kwaba lula kuye ukufingelale ukudla ngenxa yomlomo wakhe omude. Impungushe ayikwazanga ukudla, yabe isihamba ibuyela ekhaya.

Isifundo esisithola kulendaba ukuthi kufanele siphathe abanye ngendlela esingathanda ukuthi basiphathe ngayo.



1. Nikeza lendaba isihloko (1)

--

2. Obani abalingiswa abakulendaba? (2)

--

3. Yaphakela esitsheni esin jani impungushe? (1)

4. Nhloboni yokudla okwakuphekwe unogolantethe? (1)

5. Sithola siphi isifundo kulendaba? (2)

6. Ungazizwa kan jani lapho umngani wakho ekuncisha ukudla,
Chaza. (3)

Umsbenzi 4: Ukubhala kahle ngesandla

Igama lomfundi	
Usuku	

Bhala izinhlamvu ezingezansi ngokubhala ngokuxhumanisa. Shiya izikhala ezifanele phakathi kwezinhlamvu.

Qala ukubhala umsebenzi ngephethini oooooooo- bese uphethe ngephethini eeeeee-

S s

A a

T t

P p

Mama ini isilo

Okuqukethwe	Amamaki	Amamaki omfundi
Umfundi akakwazanga ukukopisha izinhlamvu.	1-2	
Umfundi ukwazile ukukopisha izinhlamvu ezincane kuphela, udinga ukunaka ukwakhiwa kwezinhlamvu.	3-4	
Umfundi ukwazile ukukopisha iningi lezinhlamvu ezincane ngendlela efanele ngamaphutha ambalwa	5-6	
Umfundi ukwazile ukukopisha ezinye zezinhlamvu	7-8	
Umfundi ukwazile ukubala izinhlamvu ezincane kanye nosonhlamvukazi.	9-10	
Isamba	10	

Umsebenzi 5: Ukubhala

Igama lomfundi	
Usuku	

- a. Bhala isigaba esingaba nemisho emihlanu ngaphansi kwesihloko "
Umuntu osisizayo emphakathini"
(amaphoyisa, othisha, umhlengikazi, isicisha mlilo). Ungasebenzisa
amagama angezansi ukuze akusize ukubhala.

emphakathini	izimo eziphuthumayo	izingane	uyafundisa	unesibindi
uyasivikela	uthembekile	uqotho	izigebengu	iziguli

Okuqukethwe	Amamaki	Amamaki omfundi
Umfundi akakwazanga ukubhala ngisho owodwa umusho.	1-2	
Umfundi ubhale umusho owodwa ongaphele	3-4	
Umfundi ubhala okungenani emisho engu 2-3 ephelele esebenzisa izimpawu zokubhala ezifanele.	5-6	
Umfundi ubhale imisho emine esebenzisa izimpawu zokubhala ezifanele.	7-8	
Umfundi ubhale imisho emihlanu eyakheke kahle esebenzisa izimpawu zokubhala ezifanele.	9-10	
Isamba	10	

Igama lomfundi	
Usuku	

b. Ukusetshenziswa kolimi.

Bhala ubuningi balamagama angezansi. (5)

Ubunye	Ubuningi
ingane	
uthisha	
umfana	
umunwe	
isalukazi	

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA
IMEMORANDAMU YESIVIVINYO SONYAKA 2025
IBANGA 2 ITHEMU LESITHATHU

Umbuzo	Umsebenzi	Amamaki
1. a. Ukulalela b. Ukukhuluma	Landela urubrikhi Landela urubrikhi	Imaki elilodwa isenzo ngasinye (5) Sebenzisa irubric (5)
2. Imisindo		
a.	-sw- Impendulo efanelekile -gx- Impendulo efanelekile	(1) (1)
b.	imali unodoli luma imfuyo	4
c.	izinzwane insipho imbazo amaswidi	4
d.	<u>Isibizelo</u> uswazi qwasha izwe isexwayiso gcizelela uMgqibelo gxuma gcina indlu indlovu	(10)
f. Umfana wakaMgquba ubulale isigxobo sikagesi sendlu yasekhaya.		10

x2	x2	x1	x1	x1	x1	x1	x1 = 10	
3								
a. Ukufunda								(5)
b. Isifundo sokuqondisisa								
								1
								2
								1
								1
								2
								3
								(10)
4. Ukubhala kahle								10
5. Ukubhala								
a.								10
b.								1
								1
								1
								1
								1
								(5)
Isamba: 80								